# *AmaHeberu,*

# *Isahluko Sesibili* [2]

Woza kuqala, bese utadisha imiBhalo, ngakho wayekuqhathanisa futhi abone ukuthi ngabe kwakuyiQiniso noma qha. Walithatha, iQiniso, ngeTestamente eLidala. Manje, uPawulu wayeyisifundiswa esikhulu seTestamente eLidala. Bangaki okwaziyo lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Wafundiswa phansi kwesinye sezifundiswa ezinkulu ezedlula zonke zangosuku lwakhe, uGamaliyeli, isifundiswa esikhulu esidumileyo. NoPawulu wayelazi iTestamente eLidala. Futhi ngicabanga ukuthi ukunyakaza kwakhe kokuqala, njengoba ngishilo kulokhu ukusa, ngenkathi ezibonela ngamehlo ukufa kukaStefanu. Kufanele ukuthi ikhona into eyambamba uPawulu, ngoba kuyo yonke imibhalo yakhe wayelokhu ekhomba kukho, "Angifanele, ngoba ngahlupha iBandla kuze kube sekufeni. Ngingomncinyane phakathi kwabo."

95 O, kodwa uNkulunkulu wayenomcabango ohlukile wakho. Wayengomunye wamadoda anamandla kunawo onke osuku.

> Bonani uPawulu oNgcwele, umphostoli omkhulu
> Nengubo yakhe ekhazimula kakhulu nenhle, (kwasho imbongi)
> O, impela kuzoba nokumemeza
> Lapho sonke sesihlangana Lapho.

LoloSuku olukhulu lapho sengimbona emukela umqhele wokufel'ukholo, umvuzo wokufel'ukholo!

96 Ngama, nepeni elidadlana, lapha kungekudala, lapho abhala khona lezizincwadi amaLetha. Base–ke bemgenca ikhanda. Base bemjikijela epayipini lokuchitha amanyala angamanzi, ukuba akhukhuleke ehle ngepayipi. NaleliJuda elincane lapho, lathi, "Ngiphethe emzimbeni wami izimpawu zikaJesu Kristu. Ngilwe nezilo e–Efesu, kepha ngikulwile ukulwa okuhle. Ngiqedile ibanga. Ngigcinile ukuKholwa. Futhi emva kwalokhu, sengibekelwe umqhele wokulunga, iNkosi, umaHluleli olungileyo eyakungipha wona ngaloloSuku. Futhi kungeyimi ngedwa, kepha bonke othanda ukubonakala kwaYo." Ngikuthanda kakhulu kanjani lokho! O, ngifuna ukubalwa kanye nalabo! Sasivame ukucula iculo:

O, ubungabalwa njengomunye womhlambi waKhe na?
Ubungabalwa njengomunye womhlambi waKhe na?
Ungabinasisihla ngaphakathi, uqaphele futhi ulinde lokho kubona ukuba kubhekwe;
Uyeza futhi.

97 Ngifuna ukuba ngomunye wabo. Manje umbhali uyaqhubeka, ethi:

*Ngalokho kakhulu nga siqaphelisisa esikuzwileyo, funa mhlawumbe sikhukhulwe.*

98 Njengoba sifundisile ngalokho, kulokhu ukusa, ivesi 2 liphathelene nokuthi, "Uma . . . "

*Ngokuba uma izwi elakhulunywa ngezingelosi . . .*

99 Sithola ukuthi ziyini *izingelosi* na? Abaprofethi. "UNkulunkulu wakhuluma endulo . . . " Manje, ufanele wenze, hhayi umbono ongowethu, kodwa iBhayibheli. Manje isahluko 1, sesahluko 1, ivesi 1.

*UNkulunkulu, esekhulumile endulo kobaba ngabaprfoethi ngamathuba amaningi . . . ngezindlela eziningi,*

100 Manje uwelela lapha, futhi uyasho futhi.

*Ngokuba uma izwi elakhulunywa ngezingelosi aqiniseka, . . .*

Futhi kusho ukuthini ukuthi *ingelosi* na? "Isithunywa." Uma uNkulunkulu agcoba isithunywa . . . " Bese kuthi–ke uma sigcotshwa, siyizithunywa zikaNkulunkulu. Siyizithunywa ezweni, inxusa laseZulwini, sizisho ukuthi siyizihambi nabafokazi. Asisibo abalelizwe. Kodwa sifuna uMuzi ozayo, omakhi nomenzi wawo nguNkulunkulu. Asibekeleli ingcebo kulomhlaba, lapho amasela egqekeza khona, nenundu, ukugqwala, nokubolisa. Ngokuba, ingcebo yethu ibekelelwe eZulwini, lapho uJesu ehlezi khona ngakwesokunene soMkhulu. O, into eyinkazimulo nemangalalisa kangaka, ukwazi lokho.

Amathemba ethu awakhelwe phezu kwalutho olungaphansi
Kunegazi likaJesu nokulunga;
Uma nxa zonke umphefumulo wami udeda,
Khona-ke Uyilo lonke ithemba lami nokuhlala.

Ngimi, kuKristu, iDwala eliqinile;
Yonke eminye imihlabathi yisihlabathi esibishayo,
Yonke eminye imihlabathi yisihlabathi esibishayo.

101 Walibhala kahle kanjani uEddie Pruitt leloculo, ngezikhathi zezinhlupho!

> Manje, *uma izwi elakhulunywa ngezingelosi laqiniseka,* . . . (Ngenkathi isithunywa sikaNkulunkulu sikhuluma iZwi, Lama.) . . . nawo wonke umvuzo *kwaphindiselwa ngokufaneleyo;*
>
> *Thina siyakuphunyuka kanjani* manje, *uma si*ngamuzwa uKristu, Okhuluma eseZulwini na?

Manje bhekisisani.

> *Thina siyakuphunyuka kanjani, uma sidebesela ukusindiswa okungaka;* . . . (Kucabangeni.) . . . *okwathi kuqala kwakhulunywa kuqala ngeNkosi,* . . .

102 UKristu uqala umsebenzi waKhe. Wenzani na? SiyaMbhekisisa, ukuthi Ukanjani . . . thobile, mnene, ukuthi Wayengesuye kanjani umuntu omkhulu owaziwayo njengosiyazi wezenkolo. Kodwa wayethobile, emnene, enobubele. Wayengesuye umshumayeli onamandla. IPhimbo laKhe lalingezwiwa emgwaqeni.

Kodwa uJohane waphuma njengengonyama ebhodlayo. Wayengumshumayeli.

103 UJesu uyaphuma, hhayi njengengonyama ebhodlayo, kodwa uNkulunkulu esebenza naYe, eqinisa iZwi. UNkulunkulu wayenoKristu. UPetru wathi, ngoSuku lwePentekoste, "Madoda akwaIsrayeli, nani enakhileyo eJudiya . . . uJesu waseNazaretha, iNdoda efakazelwe nguNkulunkulu phakathi kwenu, ngezibonakaliso nezimanga nezimangaliso, uNkulunkulu azenza ngaYe, phakathi kwenu nonke, eningofakazi nina nonke." Bhekisisani ukuthi wakubethela kanjani phansi kubo. "Benifanele ukuMazi."

104 UJesu wathi, "Nina bazenzisi." Wathi, "Niyaphuma bese nibuka ilanga, bese ni . . . Libhejile futhi lehlile, futhi nithi, 'Lizakuphendula.' Futhi uma libalele futhi kube nelanga, kanjalonjalo, nithi, 'Lizocwatha.'" Wathi, "Niyakwazi ukubona ukuma kwezulu, kodwa izibonakaliso zesikhathi , anikwazi ukuzibona. Ngokuba ukuba beningazi Mina, beniyolwazi usuku lwaMi."

105 O, Abengakumemeza kakhulu kulobubusuku. Ukuthi uMoya waKhe umemeza kakhulu kanjani ngabashumayeli baKhe, "Ihora selifikile!"

Sehlukanisa ngokubona. Sibhekisisa amabhomu eatomu. Siyazi ukuthi ubani ozothatha indawo kaClark Gables, futhi ubani ozokwenza *lokhu*, *lokho,* noma *okunye;* noma ubani ozoba yiphini likamongameli. Sikhathalele lokho, kodwa singeke sazehlukanisa ngokubona izibonakaliso zesikhathi. Sisekupheleni.

106 Kuyini na? Sikhathalele kakhulu ukuthi, "Yisiphi isahluko esilandelayo setelevishini na? "Uzokwenzenjani uSusie na?" noma ubani igama lalowo wesifazane. "Futhi uyaphi uArthur Godfrey na? Nhloboni yehlaya azoyidonsa ngesikhathi esilandelayo na?" Thina, njengomKristu, siqoqe ingqondo yethu egcwele ubuphukuphuku obunjalo, kanti besifanele sibe semkhulekweni ndawondawo, bese sitadisha iBhayibheli, ukwazi izibonakaliso zesikhathi esiphila kuso.

107 Yini eyenza lokho, ngesikhathi sethu, ngamapulpiti abuthakathaka, kunjalo, lokho akwehli futhi kulethe iQiniso leVangeli. Sizodingeka siphendule ngalokho ngezinsuku ezizayo. Asifanele sidebesele noma yini. Nabantu, njengoba silapha kuleliTabernakele likaBranham, ukubona izibonakaliso nezimanga, namandla kaKristu ovukileyo; bese–ke kuba ngukwazi ukuthi besizobeka izikhathi zethu—zethu phezu kwezinye izinto, bese sidebesela ukuzwa iPhimbo leNkosi uJesu, "Thina siyophunyuka kanjani, uma sidebesela ukusindiswa okungaka na?"

108 Ivesi 3, noma ivesi 4. Nakhu lapho esigcine khona, evesini 4, kulokhu ukusa.

> *UNkulunkulu futhi efakaza kanye nabo,*. . . (O, he!)
>
> *UNkulunkulu* . . . *efakaza kanye nabo,* . . .

Lalelani iZwi.

> . . . *ngezibonakaliso* . . . *zimangaliso, nangemisebenzi yamandla eyizinhlobonhlobo,* . . .

Yini imisebenzi yamandla *eyizinhlobonhlobo* na? Yini *okunhlobonhlobo* na? *Okunhlobonhlobo* kusho "okuningi." "Nemisebenzi yamandla *eminingi*, uNkulunkulu wafakaza." O Nkulunkulu! Ngethemba ukuthi Kuzozika ezinhliziyweni zenu. Lalelani.

109 Ngingomunye wabelusi benu, noMfowethu Neville lapha. Ngifuna niKuyise erekhodini. IBhayibheli lathi, "Uma kuvuka omunye phakathi kwenu, futhi asho *okuthize–thize,* futhi kungafezeki, ningakuzwa, ngokuba aNgikhulumanga. Kodwa uma ekhuluma eGameni laMi, nakushoyo kufezeka, khona-ke Kuzweni." Amen. "Ngokuba Nginalowomprofethi, noma umshumayeli, noma kungaba yini. Uma akushoyo kufezeka, khona–ke muzweni."

110 Manje, bangani, asiMuzwe, uMoya oNgcwele ukhuluma phakathi kwethu, ekhombisa izimangaliso ezehlukene, nezibonakaliso, nezimanga. MasingaWedluli nje njengezenzeko ezejwayelekile nje. Asikhumbule ukuthi KunguJesu Kristu, onguyena izolo, namuhla, naphakade; eqinisa iZwi laKhe. Sifanele sikwenze. O, ngiyacela kwenzeni. Qaphelani. Yonke enye into mayibe ngevela kamuva, ngisho nekhaya lakho, umyeni wakho, umkakho, abantwana bakho. Noma kungaba

yini, kubeke kube ngokwesibili. Beka uNkulunkulu kuqala. Wena uthi, "Mfowethu Branham, phezu kwabantwana bami na?" Phezu kwanoma yini. Beka uNkulunkulu kuqala. Makabe kuqala.

111 UElija wehla entabeni, ngolunye usuku. Wayeyingelosi, isithunywa, isithunywa sikaNkulunkulu, esigcotshiwe. Wayesefumana umfelokazi etheza izinkuni ezimbili. Wathi, "Hamba, ungibhakele iqebelengwane elincane, bese ungilethela ingcosana yamanzi."

112 Wayesethi, "Kuphila komphefumulo wakho, senginamaqebelengwane nje enele, noma inhlama kakolo eyenele, ukwenza iqebelengwane elincane elilodwa. Futhi nje nginamafutha enele ukuba afakwe, ukukuxova, ukufishanisa. Futhi ngitheza izinkuni ezimbili." Indlela eyifeshini endala yayingukuthi, yindlela yaseNdiya, yokuphambanisa izinkuni nokulushisa phakathi nendawo, bese ulokhu ulufuqela phakathi. Kwenziwa omningi umlilo wasekhempini njengakho. Wathi, "Futhi ngizopheka iqebelengwane elincane lami nomfana wami, ingane yami. Futhi sizolidla bese sifa." Kwakukade kukhona isomiso iminyaka emithathu nezinyanga eziyisithupha, kungekho–manzi ndawo.

113 Lowo ogqolozele, umprofethi omdala, wabheka lowo wesifazane ebusweni. Wathi, "Hamba, ungibhakele iqebelengwane kuqala." Umyalo onje pho, ukuba owesilisa atshele umfelokazi, ebulawa yindlala, ukuphakela yena kuqala. Wathini na? "Ngokuba ISHO KANJE INKOSI, imbiza ayikuba ngengenalutho, nophiso aluyikoma, uNkulunkulu aze anise imvula emhlabeni."

Kuqala, uNkulunkulu. Wangena wayesebhaka leloqebelengwane elincane, wayeseza ukuzolinika umprofethi. Wabuyela emuva ngqo wayesebhaka elinye, nelinye, nelinye, nelinye. Nembiza ayizange ibe ngengenalutho, noma uphiso lome, uNkulunkulu aze anise imvula emhlabeni. Wabeka uNkulunkulu ngaphambi kwabantwana bakhe. Wabeka uNkulunkulu ngaphambi kwanoma yini enye. Uthathe uMbuso kaNkulunkulu, kuqala.

114 UNkulunkulu ufanele abe nendawo yokuqala enhliziyweni yakho, indawo yokuqala empilweni yakho, indawo yokuqala kuyo yonke into oyenzayo noma lokho oyikho. UNkulunkulu ufanele abe kuqala. Akayifuni indawo yesibili. Ayimfanele indawo yesibili. Ufanelwe okwedlula konke, nokokuqala, nakho konke esinakho. Kumfanele. Alibusiswe iGama laKhe elingcwele!

> *UNkulunkulu futhi efakaza. . ., wayenikeza ubufakazi, ngezibonakaliso, nezimanga, . . .misebenzi yamandla eyizinhlobonhlobo, nangokwabelwa kukaMoya oNgcwele, ngokwentando yakhe?*

115 Hhayi okushiwo amadoda, okushiwo yibandla, kodwa lokho okwakuyintando kaNkulunkulu. O, sidinga ukufuna intando kaNkulunkulu, hhayi ukwesekwa ngumakhelwane wakho, hhayi ukwesekwa ngabantwana bakho, hhayi ukwesekwa ngumyeni wakho noma umkakho. Kodwa, funa intando kaNkulunkulu, futhi yenza lokho kuqala. Khona-ke yonke enye into, intando yenkosikazi nentando yabantwana, iyongena khaxa nakho. Kodwa, beka uNkulunkulu kuqala.

116 Bhekisisani, manje.

> *Ngokuba kwakungesizo izingelosi athobisela phansi kwazo izwe lelizayo, esikhuluma ngalo.*

117 Ngamany'amazwi, iziNgelosi ezinkulu ekhonzisa emaZulwini, uGabriyeli, uMikayeli, uMhlonyane, namashumi ezinkulungwane eziphindwe kamashumi ezinkulungwane zeziNgelosi zaseZulwini; noma amashumi amakhulu abaprofethi obesemhlabeni, bonke; Akakaze abeke noma yimuphi wabo ukuba babe nokulawula phezu kwezwe elizayo, esikhuluma ngalo. Akukho namunye! Akazange athi, "Isaya, uyolawula izwe." Akazange athobisele izwe kuElija. Kanjalo Akazange alibeke kuGabriyeli, kumbe noma yiyiphi ingelosi, noma yimuphi umoya okhonzisayo.

118 Bhekisisani ukuthi wathini, uPawulu, esalokhu edumisa uKristu, lapho esikhuluma khona.

> *Kepha omunye ufakazile endaweni ethile, ngokuthi, Umuntu uyini, ukuba umkhumbule na? noma indodana yomuntu, ukuba uyinake na?*
>
> *Isikhashana wamenza waba-mncinyane kunezingelosi; wambeka umqhele wenkazimulo nodumo, wammisa phezu kwemisebenzi* yesandla *zakho:*

119 Manje, uma ufuna ukukufunda lokho, amaHubo 8:4–6, uDavide ekhuluma. Manje wambiza wathini uDavide lapha na? Lokho kuyakuxazulula, khona lapho, noma bekuqinisile yini kulokhu ukusa, ngomprofethi.

120 Wathi, "Ngokuba enye yezingelosi yasho endaweni ethile." UDavide, isithunywa sikaNkulunkulu, wayeyingelosi kaNkulunkulu, ngokuba wayeyisithunywa sikaNkulunkulu. Ingelosi yathi, uDavide wathi, emaHubweni, "WaMenza waba–mncinyane kuneziNgelosi zaseZulwini." Ingelosi yathi uNkulunkulu waMenza waba–mncinyane kuneNgelosi, ukuze AMbeke umqhele; futhi ukuze Ahlupheke futhi ezwe ukufa, ukuba abuye aphakanyiswe. Ukuze AMenze i . . . adle ifa lezinto zonke zezwe. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

121 Manje, ku—kuMathewu 28:18, sifunda lezi. Emva kokuba Esebethelwe futhi wabuye wavuka ngosuku lwesithathu, wahlangana nabafundi baKhe wayesebayala ukuba baye

ezweni lonke, ukuba bashumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Wathi, "Onke amandla eZulwini nasemhlabeni anikelwe ezandleni zaMi. Onke amandla eZulwini, onke amandla emhlabeni, aphiwe Mina." Kwakuyini na? Umuntu noNkulunkulu base behlangene. IZwi–mcabango lase lenziwe inyama futhi labulawa, futhi labuye lavuka kube ngukulungisiswa kwethu, lase–ke liba nguEmanuweli ogcotshiwe phakade naphakade. UNkulunkulu washintsha indawo yaKhe yokuhlala, esuka esiHlalweni sobukhosi emabangeni ezindawo ngaleya, waya enhliziyweni yeNdodana yaKhe, uKristu Jesu, ukuba aphile futhi abuse njalonjalo. "UNkulunkulu wayekuKristu." Uyindawo yokuphumula yokugcina kaMoya.

122 UMoya wahlala etabernakele, ngolunye usuku, niyakwazi lokho, phansi kwethende. "NoSolomoni waMakhela indlu. Kodwa, nokho, oPhezu konke akahlali ezindlini ezenziwe ngezandla." "Kepha UNgenzele umzimba."

123 Ngale eNcwadini yeZenzo, isahluko 7, ngenkathi ekhuluma, wathi, "Bonke baKubona ngaphambili. BaMakhela ithende, uMose wakwenza, wayenethende, wayesefaka umphongolo lapho, ngokuba uNkulunkulu wayesesiHlalweni soMusa. Akahlalanga lapho." Kulungile.

124 Bese-ke, "UNgenzele umzimba," umzimba weNkosi uJesu Kristu, wenziwa waba–mncinyane kuneziNgelosi ukuba ezwe ukufa; futhi engekho omunye kepha yena impela oPhakeme kunakho konke okuphakeme, uKristu; iNkosana yokuThula, iNkosi yamakhosi, uMbusi wombusi, uMdali, zonke izinkanyezi emhlabeni wonke nezulu nokukulo.

125 O uNkulunkulu! Waba–mncinyane kunokudaliweyo kwaKhe, ukuze ahlenge umuntu (ongenakhaya, umuntu ongenakuzisiza), wayesebapha ikhaya eZulwini. Washiya izinkazimulo zaseZulwini. Washiya iGama eliphakeme kunawo onke angabizwa. Futhi ngenkathi Esemhlabeni, umuntu uMnika igama eliphansi kunawo onke ababengaMnika lona, bathi, "Wayeyingane yesihlahla, kwasekuqaleni nje." Wazalelwa emkhombeni, wasongwa ngezindwangu ezisuka kwingemuva lejoka lenkabi. Kungekho–ndawo angaya kuyo, wayengenakhaya angaya kulo. Futhi wayebizwa ngo "Belzabule," isikhulu samademoni. Waphathwa kabi. Waphinyiselwa. Kwahlekiswa ngaYe. Wenqatshwa, wayeseya emigodini ephansi kunayo yonke, wayesekhothamela "Esenyanyeka kunazo zonke izifebe." Yilokho umuntu akwenze kuYe.

126 Kodwa uNkulunkulu waMphakamisela phezulu ngangokuthi Wayedingeka abuke phansi ukuze abone iZulu. Umuntu uMnika isihlalo esiphansi kunazo zonke, uMnika indawo embi kunayo yonke, igama eliphansi kunawo

onke. UNkulunkulu waMphakamisa wayeseMnika isiHlalo esiphakeme kunazo zonke, neGama eliphakeme kunawo onke. Lowo ngumehluko kulokho okwenziwe ngumuntu ngeNdodana kaNkulunkulu, nokwenziwe nguNkulunkulu ngeNdodana kaNkulunkulu.

127 Wakhothama, ukuze thina siphakanyiswe. Uba yithina, ukuze kuthi thina ngomusa waKhe sibe nguYe. Uza kwabangenamakhaya, wayeseba ngongenakhaya qobo lwaKhe, ukuze sibe nekhaya. Weza kwabagulayo futhi wenziwa ogulayo qobo lwaKhe, ukuze siphiliswe. Weza esonini, "futhi wenziwa isono, qobo lwaKhe," ukuze sisindiswe.

128 Akumangalisi Aphakanyiswa. Akumangalisi Eyilowo Anguye kulobubusuku. UNkulunkulu uMphakamisile, nawo onke amandla emaZulwini nasemhlabeni aphiwe Yena.

129 Ngenkathi umsebenzi waKhe wasemhlabeni usuqediwe, lapha emhlabeni. Weza emhlabeni, wathi Angakwenza nje, inkanyezi yokusa yaMmemezela ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu. Wanyakazisa bonke odeveli Ayenqwamana nabo. Malibusiswe iGama leNkosi! Odeveli bathuthumela futhi banyakaza, futhi banxusa ukuhawukelwa, eBukhoneni baKhe. Yebo, mnummzane. Sonke isihogo sasimazi ukuthi Wayengubani.

130 Wahamba ngokuzithoba, Wayengenandawo yokucamelisa ikhanda laKhe, ngobusuku obunemvula. Zona impela izilwane Ayezidalile, "Izinyoni zezulu inezidleke, nezimpungushe zinemigodi, kepha iNdodana yomuntu ayinandawo yokucamelisa ikhanda laYo elibusisiweyo." Impela, Yayinjalo.

131 Waba yisono, waba phansi futhi washiywa. Kodwa odeveli babazi ukuthi Wayengubani. Bacela ukuhawukelwa. Bathi, "Uzelani ukuzosihlupha isikhathi sethu singakafiki." Futhi ngenkathi abashumayeli embiza ngokuthi, "Belzabule," umbhuli, odeveli wayeMbiza ngokuthi, "INdodana kaNkulunkulu ophilayo," futhi benxusa ukuhawukelwa.

132 O, besingama kanjani umzuzu nje kuphela! Ungubani wena, empeleni na? Usho ukuthini lowomsebenzi onawo na? Noma isho ukuthini leyondlu encane engeyethu na? Isho ukuthini imoto engeyethu na?

133 Ntombazanyana enhle, wena–ntwana ebhensayo, kuyini lokho kubukeka okuncane onakho manje na? Nina zinsizwa nezicwebezalayo, izinwele ezoqondile, amahlombe aqondile; uyogoba ngolunye usuku, uma usuqhothiswe ukuguga.

134 Kodwa, ayibusiswe iNkosi! Unomphefumulo ozelwe ngokusha. Uyophila kuze kube phakade naphakade, ngoba Uba nguwe, ukuze wena ngomusa waKhe ube nguYe, futhi akwenzele indawo.

135 O, thina esicabanga ukuthi sinokushintsha izingubo, namagilosa ambalwa endlini, siyini na? UNkulunkulu ubengakuthatha ngomzuzwana. Khona impela ukuphefumula kwakho kuphethwe esandleni saKhe. Futhi lapha phakathi kwethu ukuphilisa abagulayo, ukumemezela nokuzisho, nokusho kungakenzeki, futhi ngaso sonke isikhathi kuphelele. Futhi unake ngisho nangokwenele ukuletha encane, inhlanzi efile ibuye iphile futhi, phakathi kwethu. UJehova esizungezile, uJehova ekithi, omkhulu nonamandla uNGIKHONA.

136 Ngenkathi Efa, babecabanga ukuthi base beMtholile. Wenyukela esihogweni. Ngenkathi eshiya umhlaba ngalolosuku ngenkathi Ebethelwa, Waya ezindaweni zabalahliweyo. IBhayibheli lathi, "Wahamba wayeseshumayela emiphefumulweni eyayisekuboshweni, engaphendukanga ekubekezeleni, izinsuku zikaNowa." Ngenkathi Efa, nomoya waKhe waMshiya, Uba yiZwi–mcabango futhi. Yena, ngiyabona, wathi, "Ngavela kuNkulunkulu, Ngibuyela kuNkulunkulu."

137 NoNkulunkulu wayeyileyoNsika yoMlilo eyahola abantwana ehlane. Futhi ngenkathi Elapha emhlabeni . . . Futhi ngenkathi Efa, Wabuyela ekuKhanyeni futhi. UPawulu waMbona, futhi WayengukuKhanya. Akukho namunye wabanye owaMbonayo. Babone uPawulu ewa. Kukhona okwamshayayo, futhi KwakungukuKhanya. UPawulu wathi, "Ubani Lo engimhluphayo na?"

138 Wathi, "Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na?"

Wathi, "Ubani Lowo na?"

139 Wathi, "NginguJesu, omhluphayo, futhi kul'khuni kuwe ukukhahlela emeveni."

140 Wayesehamba–ke wayesetadisha lokho kuKhanya. UPawulu wabuyela emuva eBhayibhelini, ukuthola ukuthi lokho kuKhanya kwakuyini. Futhi wabhala lencwadi iLetha. UnguJehova ofanayo. Lokho kuKhanya okufanayo kwakusehlane nabantwana bakwaIsrayeli. Futhi ngenkathi uPetru esetilongweni, WayengukuKhanya okwangena futhi kwavula iminyango.

141 Futhi ngomusa waKhe, ngakho akukho–muntu oyoba nezaba . . . O, uma babengakhohlwa izithunywa ezingakwazi ukubhala nokufunda, futhi Khumbula akusiso isithunywa, nguMlayezo. Wehlile futhi, unathi, ngesimo seNsika yokuKhanya. Futhi Uhamba ngezimangaliso zaKhe ezifanayo nezibonakaliso, akukho okuphume eBhayibhelini; ukuhlala neBhayibheli ngqo, libanjwe phansi kokuthobeka, eveza inkazimulo yaKhe, ekhombisa amandla aKhe. Alibusiswe iGama laKhe elingcwele!

142 Ngiyazi nifanele nicabange ukuthi ngiyahlanya; kodwa, o, lokho kuPhumula kwaPhakade okubusisiweyo

okusemphefumulweni wami. Noma iziphepho zingahambisa okwamagagasi, ihange lami libambelela phakathi neveyili.

143 NokuMbona ngenkathi Efa, kwaze kwathi, inyanga yathatha ukuphelelwa ngamandla kwemizwa. Ilanga lashona phakathi nemini. Futhi ngenkathi Eya ezindaweni zabalahliweyo, [UMfowethu Branham ungqongqotha kane phezu kwepulpiti—Umhl.] wangqongqotha emnyango, nomnyango washwibeka wavuleka. IBhayibheli lathi, "Washumayela emiphefumulweni eyayisekuboshweni, engaphendukanga ekubekezeleni ngezinsuku zikaNowa, emva kokuba Eseshonile kulomhlaba. Mfowethu nodadewethu, ngenkathi Eshona, umsebenzi waKhe wasemhlabeni wase wenziwe, kodwa Wayesalokhu esebenza. Futhi usalokhu esesemsebenzini kulobubusuku. Amen.

144 Wangqongqotha emnyango wabalahlekileyo. IBhayibheli lathi Wakwenza. Futhi Wafakaza, "NgiyiNzalo yowesifazane. NginguYe uAdamu akhuluma ngaye. NgiyiLowo uEnoke athi wayezofika nezinkulungwane eziyishumi zabangcwele baKhe. NgiyiNdodana kaNkulunkulu ophilayo, futhi wasuke wona ngosuku lwakho lomusa. Kodwa kwaprofethwa kuwe, yizingelosi, uEnoke, uNowa, ukuthi ngifanele ngifike ngigcwalise onke amaZwi eBhayibheli likaNkulunkulu. Ngilapha njengofakazi kuleli 'izwe labalahliweyo.'" Futhi Washumayela kubo.

Wasuka Wehlela esihogweni, wehlela ngqo eminyangweni yesihogo, wangqongqotha emnyango. UDeveli wavula umnyango, wathi, "NgiKutholile manje."

145 Wahluthula lezozihluthulelo ohlangothini lwakhe, wathi, "Wena Develi, usuphathe ukukhohlisa isikhathi eside." Nakhu, khona lapha eBhayibhelini. Ngifika kukho emzuzwini. "Usuphathe ukukhohlisa isikhathi eside, kodwa seNgifikele ukuzophatha." Wadumela lezozihluthulelo wayesemkhahlela embuyisela phakathi, wayesevala umnyango.

Uyedlula usethatha uAbrahama, uIsaka, noJakobe. Ngosuku lwesithathu Wavuka, nalabo ababelele ethuneni bavuka naYe. O, haleluya! Akumangalisi imbongi yathi:

> Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
> Embelwa, Wathwala izono zami waya kude le;
> Evuka, Walungisisa ngesihle kuze kubephakade,
> Ngolunye usuku Uyeza, o, uSuku lwenkazimulo.

146 Libusisiwe igoda elibophayo izinhliziyo zethu ngenhlanganyelo yobuKristu, uthando lukaNkulunkulu. Ngenkathi Evuka, Wayengekaqedi, nokho. Wayesenomunye umsebenzi afanele awenze.

147 IBhayibheli lathi, "Wenyukela Phezulu futhi upha abantu izipho." Kwakukhona umoya ozungezile ulenga phezu komhlaba, wobumnyama, wokuhwaqabala, wokufa, nowokukhandleka. Imikhuleko yayingenakwenyuka, ngoba ukuBuyisana kwakungakenziwa. Kodwa, Wabhoboza leloveyili. Wavula indlela. Wabhoboza iveyili lokugula. Wabhoboza iveyili lesono. Wabhoboza iveyili lokukhandleka. Wabhoboza iveyili lokucindezeleka. Wabhoboza onke amaveyili, wayesenza umendo owumgwaqo omkhulu womuntu ohamba ngawo, ehamba enyuka ngomendo owumgwaqo omkhulu weNkosi. O, he, ngenkathi Edlula inyanga nezinkanyezi, eqhubeka njalonjalo!

148 Abalandelayo, emva kwakhe, kufika abangcwele beTestamente eLidala, uAbrahama, uIsaka, noJakobe. Benyuka ngqo njalo bayongena emazulwini eZulu. Ngenkathi bekude le noMuzi, sengiyababona bephakamisa amehlo abo. UAbrahama wathi, "Lowo nguMuzi engangiwulangazelele ukuwubona. O, woza lapha, Isaka. Woza lapha, Jakobe. O, sasiyizihambi nabafokazi basemhlabeni, kodwa nanko uMuzi. Nanko ebesiwulindele."

149 NeBhayibheli lathi bamememza kakhulu, "Phakamani, nina masango aphakade, futhi niphakame, ngokuba iNkosi yeNkazimulo iyangena."

150 NeziNgelosi emva kwamasango zaphendula ngokumemeza kakhulu kulezizingelosi emuva lapha, zase zithi, "Ingubani leNkosi yeNkazimulo na?"

151 Nezingelosi phandle lapha, abaprofethi, zathi, "INkosi yamaBandla, eyiQhawe loKulwa."

152 Base becindezela izinkinobho nomnyango omkhulu washwibeka wavuleka. Nango ehla ngqo edabula phakathi nemigwaqo Eza, uMnqobi, ukunqoba, nabangcwele beTestamente eLidala behamba emva kwaKhe. Wahlala phansi esiHlalweni sobukhosi, wathi, "Baba, nampa. NgabaKho."

153 Wathi, "Khwela lapha bese uhlala phansi, ngize Ngenze zonke izitha zaKho zibe yisenabelo sezinyawo zaKho." Njengoba sifunda, sithola lokho lapha emBhalweni. Kulungile.

154 Lalelani manje. Futhi sisevesini 8.

> *Manje-ke ekubekeni izinto zonke phansi kwakhe. Ngokuba . . . bekeni izinto zonke phansi kwezinyawo zakhe, kashiyanga–lutho olunga . . . phansi kwakhe. Kepha kalokhu a . . . boni izinto zonke zibekiwe phansi kwakhe.*

Lokho ngu, kufa. Asikuboni ukufa, okwamanje, ngoba sisafa. Sibona ukufa.

Kepha, ivesi 9, "Kepha sibona uJesu!" Amen. Lalelani.

> *. . .siyambona uJesu, owenziwa waba–mncinyane isikhashana kunezingelosi, ebekiwe umqhele wenkazimulo nodumo ngenxa yokuhlupheka kokufa; ukuze ngomusa kaNkulunkulu ezwe ukufa ngenxa yabo bonke.*

Kungani Enziwa waba–mncinyane kuneziNgelosi na? Ukuze Akwazi ukuzwa ukufa. Wafanele afe. Wafanele eze, ukuba afe.

155 Buka lapha, mngani. Ungalokothi, neze ukukhohlwe lokhu. Ngenkathi uJesu ehamba, enyuka igquma, ukufa kwakububuza kuzungeza ikhanda laKhe.

156 Asithathe isithombe sethu kwiJerusalema, eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili ezedlule. Futhi wawungaKwenqaba kanjani na? Ngezwa umsindo uvela emgwaqeni. Kuyini na? Kungukugqugquzela kwento ethize. Yisiphambano esidala esimahlikihliki siza sehla, siphuma emasangweni aseDamaseku, sigqugquzela phezu kwamatshe agandayiwe. Lawomatshe amakhulu agandayiwe asekhona. Sigqugquza phezu kwala itshe agandayiwe amakhulu, gqugqu–gqu. Ngibona ukukhafula kweGazi emgwaqeni. Kuyini na? NguMuntu ongalimazanga; lutho kodwa okuhle. Abantu babephuphuthekile. BabengaMazi. AbaMqondanga.

Wena uthi, "Bephuphuthekile? Babengaba nakho ukubona kwabo na?"

157 Ungabe usalokhu unakho ukubona kwakho futhi uphuphutheke. Uyakukholwa lokho na? IBhayibheli lasho njalo. Niyamkhumbula uElija eDothani na? Waphuma wayeseshaya abantu baphuphutheka, wathi, "Manje ngilandeleni." Babephuphuthekile kuye.

158 Nabantu baphuphuthekile kulobubusuku. Ibandla elithize elingakholelwa ekuphiliseni kukaNkulunkulu, lenyukela kimi ngesinye isikhathi, futhi lathi, "Ngishaye ngibe yimpumputhe. Ngishaye ngibe yimpumputhe." Kwakusendlini kaMfowethu Wright. Wathi, "Ngishaye ngibe yimpumputhe." Wathi, "UPawulu washaya indoda yaba yimpumputhe, ngesinye isikhathi." Wathi, "Ngishaye ngibe yimpumputhe."

159 Ngathi, "Mngani, uDeveli usevele ukwenzile. Usuvele uyimpumputhe. Impela, uyiyo."

160 Wathi, "Philisa lentombazanyana futhi ngizokukholwa."

161 Ngathi, "Sindisa lesosoni futhi ngizokukholwa." Impela.

162 "O," wathi, "sizofanele sikholwe."

163 Ngathi, "Into efanayo lapha, ifanele yedlule emseni omkhulu kaNkulunkulu."

164 UDeveli, u–unkulunkulu walelizwe, uphuphuthekisile amehlo abantu. "Banamehlo kodwa ababoni," iBhayibheli lasho.

165 Nangu Wayelapha, enyuka ngomgwaqo, ehudula amanyathelo aneGazi endleleni enyuka. I*nyosi* yokufa yayitinyela iMzungeza, ibubuza kuYe, "Isikhashanyana nje ngizoKuthola." Wayeya ngokuphela amandla, omele amanzi.

166 Ngake ngadutshulwa, ngilele enhla lapha ensimini, igazi nje liphophoza kimi. Ngakhala kakhulu ngifuna amanzi. Nobhuthi wami wagijima, wathatha ikepisi lakhe wayeselibeka phansi emanzini; amanzi amadala angagobhozi, onoshobishobi emanzini. Weza neno, ngase ngibamba umlomo wami ngiwuvulile; wakukhama lokho. Ngoba, igazi lalitshaza njengomthombo, lapho ngidutshulwa ngiba yizicucu ngesibhamu igani. Ngoma!

167 Khona–ke ngiyazi ukuthi kufanele ukuthi iNkosi yami yayinjani, emva kokopha konke lokho kusa, kusukela ngelesishiyagalolunye kuya kwelesithathu nqo kusihlwa, elahlekelwa yilolonke leloGazi. Ngiyayibona ingubo yaKhe, kuqala, njengamabadlana amancanyana kuyo. Nawo onke lawomabala aqala ukuba makhudlwana futhi ahlangana, enza omkhulukazi umbhadeko oneGazi, liMshaya emlenzeni lapho Ehamba hamba. Lelo kwakuyiGazi likaEmanuweli. O, umhlaba wawungaLifanele.

168 Kodwa lapho Enyuka, le*nyosi* itinyela iMzungeza. Yenzani na? Ekugcineni yaMtinyela.

Kodwa, mfowethu, noma ubani uyazi, ukuthi isilokazana noma inyosi, uma ike yaze yakutinyela kanye, lokho kuqeda umsebenzi wokutinyela. Ingeke isaphinde itinyele. Ngoba, uma isisuka, idonsa isitinyeli sayo isikhiphe.

Yingalesososizathu uNkulunkulu adingeka abe yinyama. Wathatha isitinyeli sokufa enyameni yaKhe, Wayesedonsa isitinyeli saphuma ekufeni. Alibusiswe iGama leNkosi! Ukufa kungabubuza futhi kutinyele, kodwa ngeke kwakulimaza.

169 UPawulu, ngenkathi ezwa leyo*nyosi* ibubuza imzungeza, ukufa kwakuza ngqo. Wathi, "O kufa, luphi udosi lwakho na?" Wayengakhomba eKalvari lapho olwasala khona enyameni kaEmanuweli. "Kuphi ukunqoba kwakho na? Kodwa makabongwe uNkulunkulu osipha ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu." Yebo.

170 Asiboni izinto zonke.

> *Kodwa siyambona uJesu, owenziwe waba–mncinyane isikhashana Kunezingelosi...ngenxa yokuhlupheka kokufa,...*
>
> *Ngokuba kumfanele yena, okukhona konke—konke ngaye, ukuthi ngaye sinakho konke, ekuqaleni... amadodana amaningi...futhi enziwe inkosi yokusindiswa kwethu...ngenhlupheko.*

Indlela kuphela Ayengaba yiNkosi yokusindiswa kwethu, Wadingeka ahlupheke.

171 Lalelani lamaZwi amahle lapha manje. Manje lalelani.

*Ngokuba ongcwelisayo nabangcweliswayo bonke . . . bamunye: . . .*

O, aniwuboni uMvini neGatsha lapho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Bonke baMunye.

> *. . . ngakho–ke akanamahloni* ukubizwa *ngokuthi ngabafowethu,*

Niyabo? Ngani na? Lalelani, ivesi elilandelayo.

> *Ethi, Ngiyakushumayeza abafowethu igama lakho, ngihlabelele indumiso ngawe phakathi kwebandla.*
>
> *Futhi nokuthi, Ngiyakubeka ithemba lami kuye. Futhi nokuthi, Bheka mina nabantwana bami onginike bona.*
>
> *Ngangokuthi njengokuba abantwana behlanganyela inyama negazi, naye uqobo wahlanganyela khona lokho; ukuze ngokufa amchithe onawo amandla okufa, ongu, sathane;*
>
> *Abakhulule . . . nge . . . ngo . . . ngokufa bagcinwa njalo beboshelwe ebugqilini.*

172 Umuntu njalo wayekwesaba ukufa. UKristu waba yisono, wenziwa waba mncane, ukuba Azethwese ukufa. Futhi akanamahloni ukuba abizwe ngo "Mfowethu," ngokuba Walingwa njengoba nje silingwa. Futhi Angenza i . . . abe wuhlobo olufanele lomnxuseli, ngoba Wamela uhlobo olufanayo lokulingwa enilumelayo. Futhi Wathatha indawo yakho, azi ukuthi wawungenakuyithatha wena ngokwakho.

173 Ngakho, awuboni yini, mfowethu, dadewethu na? Yonke into ngumusa. Konke okwakho ngumusa. Akusikho ukuthi wena wenzani, empeleni. Kuyilokho Asevele ekwenzele khona. Manje, ungeke wenza nento eyodwa ukuzibonga ngokusindiswa kwakho. Ukusindiswa kwakho kuyisipho. UKristu waba yisono, ukuze wena ube ngukulunga. Futhi Uluhlobo olufanele lweNduna eNkulu yokusindiswa kwethu, ngoba Wahlupheka njengoba sahlupheka nje. Ulingwe njengoba silingwa nje. Futhi akanamahloni okubizwa ngo "Mfowethu wethu," ngoba Uyazi ukuthi sedlulaphi nakho. O, alibusisiwe iGama laKhe!

> *Ngokuba akasizi izingelosi; kodwa usiza inzalo ka–Abrahama.*

174 O, he! Akazange abe yiNgelosi. Uba yiNzalo ka–Abrahama. "Futhi thina, singabafileyo kuKristu, sithatha iNzalo ka–Abrahama, futhi siyizindlalifa ngokwesithembiso." Niyabo? Akazange athathe isimo seNgelosi. Akazange abe yiNgelosi. Uba nguMuntu. Uba yiNzalo ka–Abrahama, futhi wathatha udosi lokufa enyameni waKhe uqobo, ukusibuyisela

kuNkulunkulu, futhi manje uhlezi lapho ukuba nguMnxuseli. He, besingaKwenqaba kanjani, mngani na?

175 Lalelani.

> *Ngakho–ke kwamfanela ukuba abe njengabafowabo kukho konke, ukuze abe ngumpristi omkhulu ohawukelayo nothembekayo kokukaNkulunkulu, kube yinhlawulo . . .* isono *zabantu.*

176 Ukuze Abe nguMbuyiseli! Niyabo, kwakunobutha phakathi kukaNkulunkulu nomuntu. Futhi akukho–muntu . . .

Bathuma izingelosi, abaprofethi. Babengenakuyithatha indawo yakho, ngoba babefanele bazikhulekele bona uqobo. Babengenakuyithatha indawo.

177 Manje–ke, Wathumela umthetho. Umthetho wawuyiphoyisa elisifaka ejele. Wawungenakusikhipha. Wathumela umthetho.

Wathuma abaprofethi, Wathuma abalungileyo, nakho konke, babengenakwenza ukubuyisana. Kodwa Uyehla futhi uba ngomunye wethu. O, he!

178 Ngifisa sengathi ngabe besinesikhathi esiningi khona manje, ngithanda ukuniyisa kulowomthetho wokuhlengwa; kodwa asinaso, kodwa okomzuzwana nje. Isithombe esihle sikuRuthe noNawomi. Uma nizobona lapho, ukubuyisana, ukuthi umlimi wayekwenza kanjani, umuntu owayezohlenga olahlekileyo nefa eliwileyo, wayefanele abe yisihlobo segazi kumuntu owayelahlekelwe yifa. Yingalesosizathu uBowazi wadingeka abe yi . . . wayeyisihlobo somndeni kuNawomi, ukuze athole uRuthe. Bese kuthi–ke, wayedingeka abe ngofaneleyo. Wayefanele akwazi ukukwenza, ukuhlenga olahlekileyo. NoBowazi, esangweni, wanikeza ubufakazi emphakathini, ngokukhahlela akhiphe isicathulo sakhe, ukuthi wayehlenge uNawomi nalo lonke ifa lakhe. Futhi wayefanele abe yisihlobo segazi.

179 Futhi yingalesosizathu ukuthi uKristu, uNkulunkulu, wayebe yisihlobo segazi kithi. Futhi Uyehla wayeseba nguMuntu. Futhi Wezwa ubuhlungu bokulingwa. Futhi Wayehlekwa, kuhlekiswa ngaye, futhi wahlushwa, futhi akanganakwa, futhi wabizwa ngo "Belzabule," futhi—futhi wahlekwa usulu, futhi wezwa ubuhlungu bokufa phansi kokujeziswa ngokubulawa. Niyabo? Wadingeka abe yisihlobo segazi kithi. Wadingeka amangalelwe ngamanga, ngoba nimangalelwa ngamanga. Wadingeka athwale ukugula, ngoba niyagula. Wadingeka athwale izono, ngoba kwakuyizono zenu. Futhi Wadingeka abe yisihlobo segazi. Indlela kuphela Ayengasihlenga ngayo kwakungukuba abe yisihlobo segazi kithi. Nokuthi Uba kanjani yisihlobo segazi, kungokuthatha isimo senyama enesono futhi eba ngomunye wethu. Futhi kulokho, Wakhokha inhlawulo futhi wasihlenga wasibuyisela

enhlanganyelweni kaBaba. O, uMsindisi onje pho! AmaZwi ayengenakukuzwakalisa.

*Ngokuba lokhu wahlupheka yena uqobo ethobela, . . .*
*futhi unamandla ukusiza abalingwayo.*

180 *Ukusiza* kusho uku "zwelana." Ukuthi, isizathu Eba yi*lokhu,* ukuze Abe nokuzwelana nani eni. . .nine*mpumelelo* noku*ngaphumeleli kwenu* ne*mininingwane* yenu emincane, nezilingo zenu ziba zinkulu kakhulu nize ningabe nisakwazi ukukumela. Uyazi ukuthi uzwelana kanjani nani. Uhlala lapho, ukwenza ukunxusela. Uhlala lapho, ukuba akuthande. Nakuba uduka, Akayikukushiya. Uyobe esalokhu ekulandela futhi engqongqotha enhliziyweni yakho. Akukho–mhlubuki endlini ongazi ukuthi uNkulunkulu ungqongqotha enhliziyweni yakhe nsuku zonke. Futhi Uzokwenza inqobo nje uma useyisidalwa esisazofa kulomhlaba, ngokuba Ukuthandile.Wakuhlenga.

181 Izimbongi izamile, abaqambi uzamile, umuntu uzamile ukuzwakalisa leyongqikithi yo "thando," futhi ngeke kwatholakala ekuzwakaliseni komuntu. Omunye wathi:

O, uthando lukaNkulunkulu, lucebe futhi lumsulwa kangaka!
Alunamkhawulo futhi luqine kangaka!
Luyohlala isikhathi eside kuze–kube phakade,
Iculo labangcwele neziNgelosi.

Ukuba thina ngoyinki besingagcwalisa ulwandlekazi,
Nezibhakabhaka zenziwa ngephepha lesikhumba okulotshwa kulo;
Ukuba sonke isiqu emhlabeni sasilusiba,
Nawo wonke umuntu engumbhali ngokomsebenzi;
Ukuloba uthando lukaNkulunkulu ngaphezulu
Lungamunca ulwandlekazi lome;
Noma umbhalo ogoqwayo ungakuqukatha konke,
Noma weluleke usuka esibhakabhakeni uye esibhakabhakeni.

182 Awusoze waqonda. Akukho–ndlela kithi ukuba siqonde ukuthi lowomhlatshelo omkhulu wakwenza kanjani, Awenzayo, wehla futhi wasibuyisela kuNkulunkulu. Wayesebuyela emuva wayesethi, "Manje, Angiyikunishiya niyizintandane. Ngobuya futhi ngibuye ngibe nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe."

183 Futhi nakhu la esikhona namhlanje, siphila esikhathini sokugcina, noJesu ofanayo, izinto ezifanayo, izibonakaliso ezifanayo, izimanga ezifanayo, insindiso efanayo, uMoya

ofanayo wenza izinto ezifanayo, iVangeli elifanayo, iZwi elifanayo, iziboniso ezifanayo, ukubonakaliswa okufanayo, yonke into. Akusifanele ukudebesela lokhu ukusindiswa okukhulu, ngokuba sizofanele sizilande, ngolunye usuku, ngalokho esikwenzayo ngeNdodana kaNkulunkulu.

184 Isezandleni zakho kulobubusuku, soni, mhlubuki. Uzokwenzenjani ngaYo na? Wena uthi, “Awu, ngizoLicima.” Kodwa, khumbula, ungakwenzi lokho. Akukho–ndlela, nhlobo, uma uyisoni, ukuthi ungasuka kulendlu futhi ufane. Ungeke wakwenza.

185 UPilatu, ngobunye ubusuku, wazama ukukwenza. Wacela amanzi wayesehlamba izandla zakhe. Wathi, “Akukho engingakwenza ngaKho. Ngiyafana nje njengokungathi angikaze ngiKubone. Angikaze ngizwe ngeVangeli. Angifuni lutho ngaKho.” WayengaKuhlamba akususe ezandleni zakhe na? Wayengeke akwazi.

186 Ekugcineni, niyazi ukuthi kwenzekani kuPilatu na? Walahlekelwa yingqondo. Futhi enhla le eSwitzerland, lapho esasikhona ngonyaka odlule, sishumayela iVangeli. Manje kunenganekwane endala eyasho, ukuthi, kunechibi lamanzi lapho abantu bevela khona lonke izwe, ukubhekisisa, minyaka yonke, ngesikhathi sokubethelwa. UPilatu, wazihloma dlwa ekufeni, ngokuzibulala, egxumela kulamanzi futhi eziminzisa yena. Futhi njalo ngonyaka, ngalolosuku olufanayo, amanzi al’hlaza s’bhakabhaka ayabila ephuma kulelochibi, ukukhombisa ukuthi uNkulunkulu wawenqaba amanzi. Amanzi angeke aze ahlanze iGazi likaJesu lisuke ezandleni zakho noma emphefumulweni wakho. Yinye kuphela indlela yokukwenza, lokho ngukuLemukela njengesixolelo esiqondene nawe siqu sakho futhi ubuyiselwe kuNkulunkulu.

Asikhuleke.

187 Baba waseZulwini, siyaKubonga kulobubusuku ngeZwi. “Ngokuba ukukholwa kufika ngokuzwa, nokuzwa ngeZwi.” SiyaKubonga ngoJesu. Futhi njengoba sibona lolusuku olukhulu esiphila kulo, ukuthi zaba kanjani izibonakaliso nezimanga, ukuthi sizidedela kanjani lezizinto zingene ngesinyelela. Nkulunkulu, vula amehlo abantu kulelitabernakele, kulobubusuku, ukuze babone futhi baqonde ukuthi sisemahoreni okugcina. Isikhathi siyabaleka. Asinaso isikhathi eside kakhulu sokuba lapha, futhi sizofanele sibone uJesu. Futhi sizodingeka sibalwe njengamambuka, ngokuba akukho–zaba kulokhu ukusa. Uma wanikeza lowo omkhulu, umbono onamandla, walowomuntu eza lapha, esuka le ezweni ngaleya; nokumbona, ngale kwesithunzi sokungabaza, esukuma kulesosihlalo esinamasondo, ethola ukubona kwakhe. Imilenze yakhe iqina, ehla edabula endlini, ejabula futhi edumisa uNkulunkulu. Kukhombisa ukuthi uNkulunkulu

usangamvusela uAbrahama abantwana kulawamatshe. Ukubona imibono, njengoba uJesu athi, "Angenzi lutho ngize Ngikhonjiswe nguBaba waMi. Ngingenze lutho."

188 Impumputhe yaMlandela, yase ithi, "Sihawukele."

189 Wathi, wathinta amehlo abo wayesethi, "Ngokukholwa kwakho, makube njalo kuwe."

190 Manje, Nkosi, sibona uJesu. Asiziboni zonke izinto. Siyabona sisathatha okungcwelisiwe kwethu sikuyise ethuneni, bese sihamba phezu kwethuna lomunye ngalinye. Kodwa sibona uJesu, owenza isithembiso. SiMbona enathi. Hhayi uJesu ethuneni, hhayi uJesu eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili edlule; kodwa uJesu kulobubusuku, onathi. SiMbona ebonakaliswa ngawo onke amandla aKhe, nezibonakaliso, nezimanga.

191 Nkulunkulu, kwangathi singeze neze sakudebesela lokhu ukuSindiswa okukhulu. Kodwa sengathi singaKusingatha, futhi siKwemukele, futhi sihloniphe, futhi siphile ngaKho kuze kube lusuku uJesu afika ngalo ukuba asithathe siye eKhaya. Siphe khona, Nkosi. Sikucela eGameni laKhe.

192 Futhi sisakhothamise amakhanda ethu, angazi noma ukhona yini umuntu endlini kulobubusuku, phansi koBukhona bobuNkulunkulu bukaMoya oNgcwele, ongathi, "Mfowethu Branham, nginelisekile ukuthi nginephutha. Nginelisekile ukuthi nginephutha. UNkulunkulu wembulile kimi izono zami. Futhi ngiyazi ukuthi nginephutha. Ngizophakamisela isandla sami kuYe futhi ngicele ukuhawukelwa, kulobubusuku. Nkulunkulu, ngihawukele. Nginephutha." Ungakwenza lokho na?

193 Sisalindile umzuzwana nje, uma kukhona umuntu lapha ofunayo, kunokubhaphathiza okuzoba khona emzuzwaneni nje. Futhi uma uyisoni, ngizophenduka. Ungalwenqaba kanjani uthando olungalinganiseki kangaka laLowo owafayo na? UNkulunkulu waseZulwini ongcwele waba nguMuntu onesono; hhayi ngoba Ona, kodwa ngoba Wayenezono zaKho, futhi wazithwala lapho eya eKalvari. Futhi awuyikukwemukela lokho kuxolelwa na? Ungekwenze kulobubusuku na? Sisakhothamise amakhanda ethu, omunye uthi, "Ngikhumbule, Mfowethu Branham. Ngiphakamisela izandla zami kuKristu, futhi ngithi, 'Ngihawukele. Mina, nginephutha, futhi ngifuna ukubuyiselwa kuNkulunkulu.'" Ungasiphakamisa isandla sakho na?

Kulungile, uma wonke umuntu engamaKristu, manje–ke, asikhuleke.

194 Baba, siyaKubonga kulobubusuku, ukuthi wonke umuntu ophakathi lapha bangamaKristu, ukuthi bazibonele okufanayo ngokuthi bahlale bethule, ukuthi izono zabo zonke zingaphansi kweGazi. Futhi ngibonga kakhulu ngalokho. Babusise,

Nkosi. O, ngijabula kakhulu ukuthi bakutholile ukubuyisana ngomnikelo weGazi, ngokuzwa iZwi. Ukugeza kwamanzi, ngeZwi, Liyasihlanza. Lisiletha endaweni enkulu kunayo yonke, lapho—lapho isoni, nobumnyama baso obenyanyekayo, benziwa bubemhlophe njengeqhwa. Amabala abomvu–tebhu esono lihlanziwe, futhi siyizidalwa ezintsha kuKristu. Sikubonga kakhulu lokho, Wena, ngalokhu.

Manje inkonzo yombhaphathizo iyaqubuka. Ngiyaqonda ukuthi lentombi, kulobubusuku, izobhaphathizwa ezansi lapha, eGameni leNkosi yalo.

195 O Baba waseZulwini, sikhulekela ukuthi Uzobusisa lentombi. Ubuyela kanjani umqondo wami ezinsukwini ezimbalwa nje ezedlule, ngenyukela eHenryville futhi ngibona leyontombazane encane ethandekayo izulazula lapho emgwaqeni. Futhi kulobubusuku, ingumama, inenekazi. Yemukele Wena njengoMsindisi wayo oqondene nayo. Impilo ibil'khuni kumntwana, Nkosi, O Nkulunkulu, kodwa iZulu liqinisekile ngaye. Futhi siyaKubonga ngalokho. Siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzoyibusisa lentombi manje. Futhi njengoba iza ukuzobhaphathizwa ngamanzi, kwangathi Wena ungayigcwalisa ngoMoya oNgcwele kaNkulunkulu. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi umphefumulo wayo ungaxhuxhuma kakhulu nje, emaZulwini! Siphe khona ngenkazimulo yaKho. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

196 Ngifuna ukufunda eZenzweni, isahluko 2; uPetru ekhuluma, ngoSuku lwePentekoste, umbhaphathizo wokuqala owake wenziwa eBandleni lamaKristu. UPetru, ekhuza abaFarisi nabantu abayizimpumputhe, ngokungayiqondi iNdodana kaNkulunkulu; ekhuluma ngokuthi uNkulunkulu wayekade eYivuse kanjani, futhi wafakazisa imisebenzi yaYo, ngezibonakaliso ezinkulu nezimanga. Lalelani lokhu, lapho ekhuluma. Wayephakamisa uJesu.

197 Wonke umoya womKristu uphakamisa uJesu, hhayi ngezindebe zakho kuphela, kodwa ngempilo yakho. Izindebe zakho zingasho enye into, impilo yakho yenze okunye. Uma wenza lokho, uyazi ukuthi kuyini na? Ngukuzenzisa. Futhi ngingaqoka ukubhekana neZulu njengomphikinkolo kunomzenzisi. Ngingathatha ithuba lami kangcono, ngiyakholwa, eZulwini, njengo—njengomphikinkolo, kunokuba ngumzenzisi. Impela ngi . . . Uma ufakazela uJesu futhi uthi "UnguMsindisi," uphila njengalokho, ngoba abantu uzokubheka kuphuma kuwe. Kunjalo. Phila njengoba umKristu efanele. Sedlulile kulokho kulokhu ukusa.

198 Manje, iNkosi ithanda, kusasa ebusuku, noma . . . ngoLwesithathu ebusuku, sithatha lesisahluko 3, okuyisahluko esimangalisayo. Futhi manje, qiniseka ukuzama ukuba

uze ngoLwesithathu ebusuku. Bangaki ojabulela leNcwadi, ngalokhu ukufundisa kwesikole sangeSonto na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] O, ngiyabonga kakhulu. Lokho kuhle.

199 Manje, ngifuna ukufunda manje eZenzweni, isahluko 2, ngiqale evesini 32.

> *UJesu lo uNkulunkulu umvusile, esingofakazi bakho thina*. . . (Babekwazi.)
>
> *Ngakho ephakanyiselwe ngakwesokunene sikaNkulunkulu, esamukele kuYise isithembiso sikaMoya oNgcwele, Wakukhulula lokhu, enikubonayo manje nenikuzwayo.*

200 Manje mlaleleni ekhuluma ngoDavide, enye yezingelosi.

> *Ngokuba uDavide akenyukelanga* ezulwini: *kepha yena uqobo wathi INKOSI yathi eNkosini yami, Hlala ngakwesokunene sami,*
>
> *Ngize ngenze izitha zakho zibe yisenabelo sezinyawo zakho.*

UDavide wayengenakwenyuka; wayephansi kwegazi elichithiweyo lezithole, nezimbuzi, nezimvu. Kodwa manje wayesekwazi ukuvuka; wayephansi kweGazi leNkosi uJesu. Ngokuba baphendula kuphela kuleloGazi lapho Lalizofika ekutheni lisebenze. Ngenkathi iGazi likaKristu lifika ekutheni lisebenze, bonke labo ababefe besemseni omuhle, bavuka, kunjalo, base benyukela eNkazimulweni.

201 Manje lalelani.

> *Ngalokho indlu yonke yakwaIsrayeli mayazi*. . . (Lalelani lokhu.) . . . *ukuthi uNkulunkulu umenzile loJesu ofanayo, enambethela, kokubili iNkosi noKristu.*

Kuthiwani–ke ngalokho na? Ngabe UnguMuntu wesithathu kaziqu zintathu, noma Unguziqu zintathu ngakho konke na? Ungukugcwala konke kobuNkulunkulu, ngokomzimba.

202 Ayikho into ethiwa ngoNkulunkulu abathathu: uNkulunkulu uYise, uNkulunkulu iNdodana, noNkulunkulu uMoya oNgcwele. Lokho akukho ngisho nasemBhalweni, ndawo. Awukho ndawo. Akukho ndawo okwake kwayalelwa ukuba kubhaphathizwe, "Egameni likaYise, nasegameni leNdodana, negama likaMoya oNgcwele," akukho–ndawo emiBhalweni. Yisivumokholo samaKatolika, futhi awusiwo owebandla lamaProtestane. Ngizocela noma ubani ukuba angikhombise umBhalo owodwa lapho noma yimuphi umuntu ake abhaphathizwa khona noma ngayiphi indlela kunaseGameni leNkosi uJesu Kristu. Woza, ungikhombise khona, futhi ngizobeka isayini emhlane wami, "Umzenzisi, nomprofethi wamanga, uthisha wamanga," futhi ngihambe ngidabula imigwaqo. Ayikho into enjalo. Kwakungekho–muntu owake

wabhaphathizwa ngaleyondlela. Yisivumokholo seKatolika, futhi hhayi imfundiso yeProtestane.

203 "UMathewu 28:19," wena uthi, "UJesu wathi, 'Ngalokho hambani niye ezweni lonke, nifundise izizwe zonke, nibabhaphathize eGameni likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele.'" Lokho kuqinisile.

Kodwa hhayi, "Egameni likaYise, igama leNdodana, igama likaMoya oNgcwele." I*Gama* likaYise, i*Gama (*hhayi amagama), likaYise . . .

*Uyise* akusilo igama. Bangaki okwaziyo lokho na? Bangaki oyise okhona lapha na? Phakamisani izandla zenu. Mangaki amadodana elapha na? Awaphakamise isandla sawo. Bangaki abantu olapha na? Phakamisani izandla zenu. Kulungile. Manje, ungubani igama lakho na? Awusuye uyise, indodana, kanjalo awusuye umuntu.

204 Owesifazane wathi kimi ngesinye isikhathi, owayengokaziqu zintathu wokuqina, wathi, "Mfowethu Branham, kodwa uMoya oNgcwele yigama."

205 Ngathi, "UMoya oNgcwele akusilo igama. UMoya oNgcwele uyilokho Oyikho. NguMoya oNgcwele." Hhayi igama; Uyilokho–ke. Ngingumuntu, kodwa igama lami angisuye umuntu. Igama lami nguWilliam Branham. Ngakho, uma Athi, "Ngalokho hambani, nifundise izizwe zonke, nibabhaphathize e*Gameni* likaYise, neleNdodana, nelikaMoya oNgcwele."

206 Kwase kuthi–ke uPetru, ezinsukwini eziyishumi kamuva, wathi, "Phendukani!" Manje, lapha, lalelani lokhu.

> Futhi *sebekuzwa lokhu bahlabeka, enhliziyweni yabo, bathi kuPetru na . . . banye abaphostoli, Madoda bazalwane, siyakwenzenjani na?*
>
> *UPetru wayesethi, Phendukani, yilowo nalowo abhaphathizwe egameni le*Nkosi *uJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele*.

207 Manje–ke ngabe uPetru wenza khona uJesu amtshela ukuba angakwenzi na? Wayengadidekile. Yithina esididekile.

208 EZenzweni 2:38, amaJuda abhaphathizwa eGameni leNkosi uJesu Kristu, ngokucwilisa.

EZenzweni, isahluko 8, sithola ukuthi uFiliphu wehla wayeseshumayela kumaSamariya, wayesewabhaphathiza eGameni leNkosi uJesu Kristu, amaSamariya.

EZenzweni 10:49, uPetru wayala abeZizwe ukuba babhaphathizwe eGameni leNkosi uJesu Kristu.

209 UPawulu, iZenzo 10:5, "Wadabula ezweni lasogwini olungasenhla lwase-Efesu, ufumana abafundi." Babengabafundi abangamaBaptisti; waye, wonke umuntu, bengamaBaptisti.

Babephenduke phansi kukamshumayeli oyiBaptisti ogama lingu—ngu, niyabo, Apolo. Futhi wayengumshumayeli oyiBaptisti, "Futhi wayefakazisa ngeBhayibheli ukuthi uJesu wayenguKristu."

UPawulu wathi, "Namamukela yini uMoya oNgcwele lokhu nakholwayo na?"

210 Bathi, "Asazi noma kukhona uMoya oNgcwele."

211 Wathi, "Pho nabhaphathizwa kanjani na?"

212 Bathi, "Sibhaphathizwe yindoda efanayo eyabhaphathiza uJesu, imbobo yamanzi phandle lapho. Lokho kwenele kahle."

213 UPawulu wathi, "Lokho ngeke kusebenze manje. Nifanele nibhaphathizwe, niphinde futhi." Futhi uPawulu wabayala ukuba babhaphathizwe, baphinde futhi, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Wabeka izandla zakhe phezu kwabo, noMoya oNgcwele wehlela kubo. Kuyikho. Yebo, mnumzane.

Kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa,
Indlela eya eNkazimulweni impela niyakuyifumana;
Endleleni yamanzi, lokho ngukuKhanya namhlanje,
Ngimbelwe eGameni likaJesu eliligugu.
Bancane nabadala, phendukani ezonweni zenu zonke,
UMoya oNgcwele impela uyongena phakathi;
UkuKhanya kwakusihlwa sekufikile,
Kuyisiminya ukuthi uNkulunkulu noKristu baMunye.

214 Yilokho iBhayibheli elakushoyo. Kunjalo. Yihora. Yisikhathi sokuba siphenduke.

215 Tshela, umpompoloze uma usulungele, echibini. Futhi sizo . . . [Umfowethu uthi, "Sesilungele."—Umhl.] Senilungele na? Kulungile, ukudonsa amakhethini.

216 Manje, iNkosi inibusise manje, njengoba umfowethu ekhonzisa ngombhaphathizo. Nonke ningabona lapha na? [UMfowethu Orman Neville ubhaphathiza amakholwa—Umhl.]

